**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULWA KWESOYI LOMIGWAQO U-P435 ENDUMO, MHLAKA-14 OCTOBER 2010.**

Mphathi wohlelo;
Nkosi yaKwaMathenjwa;
Amakhosi wonke akhona;
Imeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zomnyango ziholwa iNhloko yoMnyango uHlabisa;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi namhlanje sithole ithuba lokuhlangana nomphakathi waseNdumo emcimbini walolu hlobo. Ukuza kwethu lapha namhlanje kuyingxenye yochungechunge lwemicimbi esiyenzayo kusukela kuqale le nyanga ka-October njengoba sazi ukuthi minyaka yonke le nyanga inikezelwa ezokuthutha.

Namhlanje singuMnyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natal oholwa nguNdunankulu uDkt Zweli Mkhize sithe masizobuyisa ithemba lekusasa elingcono kubantu baseNdumo ngaphansi kumasipala waseJozini. Namhlanje sizozibophezela phambi kwenu mphakathi ukuthi le ngxenye yesifundazwe sethu ngeke siyikhohlwe futhi sizazi kahle izinselelo ezibhekene nomphakathi wakhona kwezentuthuko.Sikwazi kahle ukusalela emuva kwendawo yaseMkhanyakude uma kukhulunywa ngentuthuko jikele.

Siyazi phela ukuthi njengoHulumeni kusafanele sivale igebe elavuleka ngezikhathi zobandlululo lapho izindawo zangapha zazinganakiwe futhi zithathwa njengezingayifanele intuthuko. Cabanga nje ngoba ngisho neziphathimandla zohulumeni bangaleso sikhathi zazize zisabise abantu ababelwa nengcindezelo zithi bazoyohlaliswa ngapha uma beqhubeka nokuba yiphela endlebeni. Manje yayingakuthola kanjani-ke ukubhekelelwa ngezidingo indawo enjalo?

Kodwa namhlanje siyabonga ukuzwa njengoba neNhloko yoMnyango uHlabisa esesinikile isithombe mayelana nombhidlango osuqhubekile nosaqhubeka wokulethwa kwemigwaqo endaweni yaseMkhanyakude. Sekuyacaca manje ukuthi ngabe umuntu olele kuphela ongathi akaboni ukuthi kusukela kungene lo Hulumeni wentando yeningi izinto ziyenzeka lapha eMkhanyakude nakumasipala waseJozini ikakhulukazi esikuwona namhlanje.

Into ebuye isishaye njengoHulumeni ngukuthi isifundazwe sethu sikhulu kanti sinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda. Cabanga ukuthi njengoba silapha nje naseKokstad bathi siyofika nini kubona, eDumbe, koNewcastle kuze kuyogudla izintaba zoKhahlamba ko-Bergville basibhekile. Kodwa-ke nakuba kunjalo sizozama ukuphuthumisa izidingo njengoba futhi siphinde sadonswa ngendlebe nanguMongameli wezwe uMsholozi ukuthi siqinise kakhulu ekuyeni kubantu basemakhaya akade balangazelela intuthuko.

Thina-ke eMnyangweni wezokuThutha sikholelwa ekutheni imigwaqo esesimweni esihle ibaluleke kakhulu ekwakhiweni kabusha kwemiphakathi, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya. UManzankosi oyingqalabutho yalo Mnyango nosephethe wona ezingeni likazwelonke wakwenza kwaba yisiqubulo ukuthi ‘akuwona umnotho owakha umgwaqo kodwa umgwaqo owakha umnotho’. Lokhu kusho ukuthi uma siletha imigwaqo sivula amathuba anoma yini engaba nomthelela ekuthuthukeni kwabantu.

Lapha nje indawo yakhona inamathuba amahle kwezolimo nakwezokuvakasha. Kodwa uma ingekho imigwaqo ngeke lokho kusize ngalutho.  Izivakashi zizohamba kanjani? Imikhiqizo yezolimo izohanjiswa kanjani?

Emizamweni yokubhekela lesi simo kulo nyaka wezimali esikuwona nje ingu-R115 million imali esiyifake emisebenzini yokwakha nokugcina imigwaqo isesimweni eMkhanyakude. Kulo mgwaqo esizozibophezela kuwona namhlanje u-P435 ongaphansi kweNkosi Mathenjwa sifake u-R8.31 million, ozokwakha u-9.6 km kulo nyaka wezimali. Kodwa uma usuwonke lo mgwaqo uzokuba u-17 km kanti uma sithathela emananini alo nyaka ka-2010/11, kudingeka u-R85 million ukuze uphele. Siyazi kodwa isangakhuphuka phela njengoba izinto zinyuka unyaka nonyaka.

Okusijabulisayo ngalo mgwaqo ngukuthi vele usuqalile ukusetshenzwa njengoba isigaba sokuwuhlelela esithi i-design phase, siqale ngoSeptember 2008. Nombiko wokuthinteka kwemvelo esithi i-Environment Scoping Report usudluliselwe eMnyangweni wezeMvelo impendulo yawo ezobuya ingakapheli le nyanga ka-October. Konke lokhu kucacisa kona ukuthi asisinisi wona amahleza uma sithi siguqula izimpilo zabantu basemakhaya.

Lo mgwaqo uzosiza imiphakathi ukuba ifinyelele kalula Osuthu-Tembe-Futi Transfrontier Conservation nasendaweni yaseNdumo uphinde wenze kube lula ukuxhumana neminye imigwaqo yesifundazwe. Ngenkathi kwakhiwa kuzodingeka kulungiswe noma kuqalwe kabusha amanye amabhuloho emfuleni iNgwavuma. Siyawazi-ke futhi umgomo wethu uma kwakhiwa kumele kutholakale namathuba emisebenzi kubantu bendawo. Asidingi kube nokwenzelela ngokobuqembu bepolitiki kulokho ngoba umsebenzi kaHulumeni ngowabantu bonke kungakhethile ukuthi ngabaliphi iqembu lepolitiki.

NjengoMnyango noHulumeni wesifundazwe sithanda ukubonga kakhulu emphakathini wale ndawo ngokubambisana nathi ngenkathi kuboniswana ngalo msebenzi. Vele phela uHulumeni wentando yeningi unomgomo wokuthi kubandakanywe umphakathi othintekayo kunoma iyiphi intuthuko elethwa kuwona. Amasango futhi ahlale evuliwe okuthi umphakathi uveze lokho ocabanga ukuthi ikona okungaba usizo kuqala kuwona. Kuphela nje sithanda kuhanjwe ngemigudu efanele.

Uma sibambisana sikhona lapha emakhaya, ngeke kwande abantu abathutheleka emadolobheni amakhulu bethi bayozama impilo engcono kanti baziyisa ekuhluphekeni futhi. Sizobona abantu behlala ngokunethezeka bekhona ezindaweni zokhokho babo.

Kodwa ngaphambi kokuba ngiphethe, ngithanda ukunxusa lokho kubambisana ukuthi kusebenze nasekulweni nobugebengu kulezi zindawo zalapha kwaMhlabuyalingana. Uma silungisa imigwaqo siyifaka itiyela, akungabi yithuba lezigebengu ukuthi ziyisebenzisele ukudlulisa izimoto zokwebiwa ziwele umngcele. Makube yinina enisukumayo nilwe nabazongcolisa igama lendawo yenu.

Mangigcine ngokugcizelela ukuthi njengoMnyango wezokuThutha sithweswe ngumthethosisekelo ukuba siqinisekise ukuthi abantu bakithi bathola uhlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni. Siyazi ukuthi njengoba sibheke esikhathini sikaKhisimusi nje, abantu abaningi emakhaya baba nemicimbi lapho kuhamba imibondo, udwendwe nokunye. Uma nizosebenzisa izimoto ukuya kule micimbi, qinisekisani ukuthi nihamba ngezinto ezisemthethweni futhi nabashayeli babe sesimweni esifanele.

Njengoba size ngobuhle nje lapha, sicela ukuphinda sibuye ngabo futhi ubuhle.
Ngalawo mazwi ngithi masiqhubeke sikhuthaze ukuhlonipha izimpilo zabantu, singayithathi kancane indaba yezingozi zomgwaqo. Masiphephe KwaZulu-Natal.

**Ngiyabonga**